Downloaded from Stanmorephysics.com

**DEPARTMENT OF EDUCATION**
**STANMORE SECONDARY SCHOOL**

Examiner : T.O.N
Moderator : E.S

# Isivivinyo sokuqala
# Iphepha lokuqala

amamaki = 40     isikhathi = 1 hora

9/10

## ISIQEPHU A

**Umbuzo 1**

**1.1 Fundisisa le ndaba bese uphendula imibuzo ezolandela:**

Funda lesi siqeshana esicashunwe ephepheni Isolezwe (15 Ephreli 2011)

## Sebedla Ngakhezo Lunye uKelly noKhanyi

Sesedlule isikhathi sokulwa nokubhuqana phakathi kukantandakubukwa uKhanyi Mbau nomculi uKelly Khumalo.

Lokhu kuqinisekiswe yilezi zintokazi eseziphinde zaba ngamathe nolimi ngemuva kokuduma ngokuba yinkukhu nempaka kwezokungcebeleka. Ngalokhu kufanele kubongwe ukuhlanginiswa yisikhangiso esikhonjiswa kuthelevishini lapho besuke bedla khona inkukhu echochobalisiwe emafutheni iKentury Fried Chicken ehambisana nepapa.

Siqala ukubonakala lesi sikhangiso bekungakholakali ukuthi uKhanyi noKelly sebeyazwana. Kusona bavela bengena esitolo sakwaKFC bethenga isidlo esibizwa ngeGazatha. Bathi bangahlala phansi uKelly exwayise uKhanyi ngokususa udweshu, maqede bahleke badle.

Okubonayo kuthevishini bathi kuyiqiniso sebeyazwana futhi balungisa ubungani babo bakudala. Bathi konke kuqale ngesikhathi bemenywa esidlweni sasemini nguLinda Moeketsi bezohlangana okokuqala emva kwesikhathi bengabhekani. Lesi sidlo sibuyise ubungani babo bakudala.

Bobabili bathi bakujabulele ukusebenza ndawonye, kanti bayafisa sengathi kungegcine ngalesi sikhangiso sakwaKFC. Babeqala ukusebenza ndawonye. Nokho impakamo iyezwakala uma bebuzwa ukuthi bawuthole kanjani lo msebenzi.

Bobabili bayaziqhelelanisa nokwenza izinhlolokhono njengoba bethi abazihambi nhlobo futhi esikhangisweni bacelwa. Yize uKelly engathi vu ngeholo kodwa uKhanyi uthi: "Uyazi nawe ukuthi ngikhokhelwa u-R35 000 ngokubonakala emcimbini, ngakho shaya izibalo ngesikhangiso."

UKhanyi uthe: "Ukusebenza noKelly kube mnandi kungenze ngakwazi ukubona uKelly ongumama futhi ngambona ukuthi ungowesifazane okhulile." NoKelly uhambe emazwini kaKhanyi waxwayisa nalabo abangena izindaba zababili ukuthi bahlukane nalokho ngoba bayozisola.

Phambilini lezi zintokazi bezingcofana ziphinde zikhulumane kabi. Lokho kwaze kwaholela ekushayweni kukaKhanyi wamabokoboko nguKelly esendaweni yokucwala izinwele eRosebank.

**Phendula imibuzo elandelayo emayelana nesiqephu esingenhla.**

1. Nikeza igama lesiZulu elisho ithelevishini. (1)
2. Kuchaza ukuthini ukuthi sebedla ngakhezo lunye uKelly noKhanyi? (1)
3. Yisiphi isisho esisendabeni esifakazela isihloko sale ndaba? (1)
4. Nikeza izithakazelo zibe mbili zakwaKhumalo. (1) [2]
5. Umbono noma iqiniso. Laba ababili bahlanganiswe iKentury Fried Chicken. Sekela impendulo yakho. (1)
6. Yikuphi okusendabeni okufakazela ukuthi bobabili banempakamo? (1)
7. Yisiphi isifundo osithola kule ndatshana ngobungani? [8]

Downloaded from Stanmorephysics.com

**Umbuzo 2**

Funda lesi siqeshana esingenhla bese uyasifingqa ngawakho amagama aphakathi kwamagama angama-10 kuya kwangama-20. Sifingqe ngokwesigaba. (7)

**Umbuzo 3**

3.1 Funda isiqephu esilandelayo, bese usho ukuthi amagama adwetshelwe asebenze msebenzi muni.

Uqhwayilahle yena uyathanda ukusaphaza imali. Iningi labo liyaphuza, lihlala ezitolo kanti benjalo abekho qotho. (4)

3.2 Bhala amagama amqondofana nalawa adwetshelwe esiqeshini esilandelayo:

Ugogo uyakuthanda ukuhamba ebusuku kanti usanda kubona umakoti wakaNxele egibele imfene ephethe umshiza ngesandla. (4)

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI

*Sinakekela izidingo zosomabhizinisi abasafufusa*

**KHANGISELWA YITHINA!!!**

**KUNGABE UFUNA INDAWO YOKUKHANGISA?**

**PHUTHUMA**

**IZIKHALA ZOKUKHANGISA ZIYI-100 KUPHELA!**

Yenza inkampani yakho idume izwe lonke!

Sitholakala eNingizimu Afrika yonke/Izifundazwe eziyisi-9.

Yenza isikhangisi ngenani lama-R750.00 (Yonga ama-R630)

Uzozuza lokhu okulandelayo uma sikukhangisela ephephabhukwini lethu:

- Isikhala esisodwa sesikhangisi.
- Isikhangisi sakho sizoshicilelwa masonto onke.
- Sizoshicilelwa iminyaka emibili.
- Ukufakwa ku-*facebook*, *Twitter* naku *Pinterest*.

Ungaxhumana nathi kulezi zinombolo: 082 000 1294.
Isihlanzandaba: 035-4673550

[www.thuthukanathi.co.za]

Downloaded from Stanmorephysics.com

.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangisi? (2)

.2 Chaza kafushane ngamasu okuheha asetshenziselwe ukuheha abafundi balesi sikhangisi. (2)

.3 Yini inhloso yomkhangisi yokusebenzisa uphawu lomuntu owenyuka izitebhisi kulesi sikhangisini? (2)

.4 Ucabanga ukuthi ukusetshenziswa kwebinzana lamagama adwetshelwe esikhangisini kuzoba namphumela muni kosomabhizinisi abasafufusa? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

.5 Ngabe umkhangisi ulusebenzise kanjani ulimi olunxenxayo esikhangisini sakhe? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

[10]

## Umbuzo 4

Phinda ubhale lesi siqeshana sendaba ulungise amagama akubakaki:

> Iqembu (isizwe) lakuleli selibuyile eJalimane. Kumele bathole izwe elikhulu ukuze bazilungiselele kahle. Uma bengena (inkundla) manje sebenakho ukuzethemba. Abadlali basebenza kakhulu ukuqinisekisa ukuthi bayaphumelela emidlalweni yabo. Babambisene kahle nomqeqeshi wabo.

/02/

## Umbuzo 5

Kule misho eqondile elandelayo, tomula ingxenye yayo ekhonjiswe kubakaki:

5.1 Ikati lidla inyama. (umenziwa) (1)

5.2 Uyakuthanda ukukhuluma wena. (isilandiso) (1)

/02/

## Umbuzo 6

> **"Ngiyazithanda izingane zami ngoba ziyahlonipha", kusho inkosikazi.** La mazwi wawakhuluma ngesikhathi ehalalisela indodana yakhe yokuqala eyayizuze iziqu zobuthishela. Umphathi wohlelo wathi uyabonga ngamazwi amahle ashiwo umama. *Izethameli zadla ukudla.* Emva kwalokho zahamba. *Inkosikazi yayijabule ngoba indodana yayo yaphasa ngamalengiso.*

6.1 Guqula lo musho obhalwe ngokugqamile kulesi sigaba ube inkulumo mbiko: "Ngiyazithanda izingane zami ngoba ziyahlonipha", kusho inkosikazi. (2)

6.2 Shono ukuthi lo musho uluhlobo luni? (ombaxa noma oqondile) Izethameli zadla ukudla. (1)

/03/
[11]

Downloaded from Stanmorephysics.com

Term 3 G10 Task

## UMBUZO 4

Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

> Akusizi ngalutho ukuhlala usonge izandla izinto zibe zonakala. Unelungelo lokuveza umbono. Ukuhlangana nabanye abantu kuboniswane kuyasiza kakhulu, yize noma ngesinye isikhathi kubakhona nabantu abasha ikakhulukazi abafana, lapho kusuke kuhlangene khona abantu abadala kuphela. Lokhu kukhombisa ngokusobala ukuthi abantu abasha abalaleli. Amakhehla agcina ekhala nangokuthi akusavalwa ngisho nangomthandazo ngoba kugcina kungasekho olalela omunye.

4.1 Chaza lesi simo sokukhuluma.

Ukusonga izandla (2)

4.2 Sebenzisa isiqu –vala wakhe imisho ezokhombisa le miqondo elandelayo:

4.2.1 Wokuphoqa (2)

4.2.2 Wokwenziwa (2)

4.3 Tomula igama elichazayo kulo musho olandelayo.

Lapha kusuke kuhlangene khona abantu <u>abadala</u> kuphela. (1)

4.4 Nikeza igama elifana nalelo gama kwangezansi.

4.4.1 Umkhuleko (1)

4.4.2 Icebo (1)

4.5 Sebenzisa lezi zihlanganiso ezingezansi ukuhlanganisa imisho elandelayo, bese uwubhala kabusha umusho wakho:

(futhi, uma, kodwa, noma)

4.5.1 Uyasebenza njalo ngemiGqibelo. Akaholi. (1)

4.5.2 Uhlala phansi. Kufanele apheke ukudla. (1)

4.5.3 Ngiyayifuna le. Naleyo ngiyayifuna. (1)

4.6 Bhala lo musho olandelayo uveze indlela yokuphika.

Kuyasiza lokhu. (2)

4.7 Lungisa amaphutha atholakala kulo musho olandelayo. Phinda uwubhale phansi.

Hambanike niyohlanganisa amakhanda ngalendaba yomhlangano ozayo. (2)

**[16]**



## UMBUZO 5

5.1 Bheka leli thikithi elingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

> PSL – ABSA League Match
> **FNB STADIUM**
> I-ORLANDO PIRATES
> Idudulana ne
> KAIZER CHIEFS
>
> Usuku: 2007-12-20
> Amasango avulwa: 16:30
> Isikhathi sokuqala: 19:00
> Seat no 42
>
> FNB Stadium
> iPirate neChiefs
> 2007/12/20
> 42

5.1.1 Kungani igama elithi: FNB STADIUM libhalwe ngefonti enkulu? (2)

5.1.2 Kungani lokhu kubhalwe ngohlobo lwefonti ehlukile? (2)

5.1.3 Iliphi elinye igama ongalisebenzisa esikhundleni salelo elithi: idudulana? Nalo aliveze impambosi yokwenzana. (2)

5.2 Funda lesi siqeshana bese ukhipha amabinzana noma amagama ahambisana nesihloko abe MAHLANU kuphela. Uveze lokhu okulandelayo:

- Injabulo
- Umdlalo kanobhutshuzwayo

> **INJABULO EMDLALWENI KANOBHUTSHUZWAYO**
>
> Bathandi bakithi bebhola likanobhutshuzwayo abathandekayo nabahle. Kungaba intokozo enkulu kithi ukuba nithenge amathikithi isikhathi sisekhona, futhi nibuye nifike enkundleni kusekude ukuba umdlalo uqale. Abazofika kuqala bazokwamukeliswa amakepisi nezikipa mahhala. Kuzobe kunandisa abaculi abaphambili baseNingizimu Afrika. Lapho kuzopakwa khona izimoto kuzobe kunamabhasi azonithuthela enkundleni. Ezokuphepha zizobe zithe chithi saka ziqinisekisa injabulo yenu. Walala wasala!

(5)

**[11]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**



Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana bese usifingqa ngamazwi akho aphakathi kwamagama angama-50 kuya kwangama-60. Bhala ngamaphuzu ayisikhombisa.

**UKUBALULEKA KOKUFUNDA IZINCWADI**

Uma singabheka izingane ezihlale zifundelwa izincwadi kusukela zincane zifunda kalula esikoleni kunalezo ezingafundelwa. Njengoba singabazali nje yithina esingothisha ababalulekile ezinganeni zethu. Kufanele sifundele izingane zethu njalo, zonke izinsuku, nangezikhathi zonke. Okufundiwe kufanele kukhulunywe ngakho ngalolo nalolo suku.

Umzali kufanele ahlale enezincwadi zokufunda endlini. Lezi zincwadi mazibe seduze nezingane zikhathi zonke. Ungazibeka ngisho naphansi ukuze ingane izithole kalula, ukuze ikwazi ukufunda noma umzali engekho. Ingahlali ingafundi ngoba ithi ilinde umzali. Kuhle ube yisibonelo esihle enganeni ngoba lokho okwenzayo kubaluleke kakhulu. Abanye bomndeni nabo kufanele babe khona uma kufundwa izincwadi. Lokhu kuyayikhuthaza ingane futhi kuyenze ibone ukuthi ukufunda kuyinto ebalulekile.

Kuyinto enhle ukuthi umzali athengele ingane yakhe isipho sezincwadi. Lokhu ungakwenza ngosuku lokuzalwa noma ngoKhisimusi. Ungazenzela nendawo esamtapo wezincwadi (library) khona ekhaya lakho. Ukufunda kufanele kwenziwe kube mnandi. Uma ingane isencane ungayitholela izincwadi ezinopopayi abathandwa yizingane bese uyifundela zona. Ukufunda kungaba mnandi uma ulingisa ubuye ushintshe nezwi. Okubalulekile kakhulu ukuthi uma ufunda ukhombise umdlandla (enthusiasm).

Ukuvakashela umtapo wezincwadi kubalulekile nakho. Kuhle uye nayo njalo emtatsheni wezincwadi ukuze ingane ifunde ukuzikhethela izincwadi ezithandayo. Kuhle ukuthi izingane zikhethe into ezifuna ukuyifunda ukuze zibe nomdlandla wokufunda. Ukufunda izincwadi kuyindlela yokwandisa ulwazi, ngoba ulwazi lwenza azethembe.

Kubalulekile ukuthi ingane uyifundise nokufunda izincwadi ezibhalwe ngolunye ulimi, kungabi ezolimi lwakho kuphela. Uma uzokwenza lokhu qaphela ukuthi ulimi olusetshenzisiwe lulingana nomqondo wengane. Nendaba ingane eyifundayo kufanele ilingane nomqondo wengane. Okunye okungasiza ukuthi izingane uzifunele izincwadi ezinemidwebo. Zonke lezi zinto ziyoyenza ingane ithande ukufunda.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**



## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

3.1 Funda lesi siqeshana esingezansi bese ubhala ngendlela eyamukelekile amagama angapelekile/angabhalekile kahle. Khipha amagama ABEMAHLANU kuphela.

> Iningi lethu linesifiso sokungena kwezamabhizinisi ukuze lizakhele imali, okungelula-ke nokho ukuenza. Amabhizinisi amancane ayehluleka ukumelana nesikhathana nje esingangonyaka. Ukusebenza ngokuzikhandla yinto engaletha imphumelelo ngaso sonke isikhathi ebhizinisini lomuntu. Njengaumuntu mhlawumbe ofuna ukuqala umsebenzi wokukhiqiza kungaba kuhle ukuthi atholisise kuqala ukuthi umphakathi wakuleyo ndawo udingani. Lokho kuyosiza ekuhleleni nesikhathi angasebenza ngaso, okungenzeka kube esaemini noma ebusuku.

(5)

3.2 Gcwalisa izikhala ngegama elifanele. Bhala izimpendulo kuphela.

Khetha kulana alandelayo:

| emholweni; esephumula; kakhulu; kufanele; somhlalaphansi; athembele |
|---|

Umuntu usebenza kusukela esusheni bakhe kuze kufike esikhathini (3.2.1) ... Uma esasebenza kufanele alondoloze okuthile (3.2.2) ... wakhe wangaphonke, ukuze angahlupheki uma (3.2.3) .... kufanele ukuthi (3.2.4) ... kwabanye abantu. Ukuzicabangela kunomvuzo omuhle (3.2.5) ... empilweni.

3.3

3.3.1 Bhala isinciphiso segama elidwetshelwe emshweni ongezansi.

<u>Indlu</u> kagogo ayisekho leli sonke. (1)

3.3.2 Bhala ubulili besifazane begama elidwetshelwe ngezansi:

Ufike izolo <u>umalume</u>. (1)

3.3.3 Nikeza ubuningi begama elidwetshelwe emshweni ongezansi.

<u>Ucezu</u> lwesinkwa alusuthisi. (1)

[13]

Downloaded from Stanmorephysics.com

G10 - Class Task. Term 3

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.1 Ngabe lesi sikhangisi siqondiswe kobani? (1)

3.2 Bhala OKUBILI okungenza abantu baheheke, bayofundela ukushayela eShesha Driving School. (2)

3.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

Ukuba ngumshayeli ongumpetha kusho ukushayela ...

A kahle kakhulu.
B kancane kunabanye.
C kabi kunabanye.
D ngejubane kunabanye. (1)

3.4 Kungani kufakwe izithombe zezinhlobo ezahlukene zezimoto esikhangisweni? (2)

3.5 Kunamthelela muni ukufaka uphawu u-'L' ewindini langemuva lemoto? (2)

3.6 Kubaluleke ngani ukuba nelayisensi yokushayela? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)
[10]

**UMBUZO 4**

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




[Isithombe sicashunwe ku-googlepics]

4.1 Bakuphi laba abasesithombeni? Sekela NGOKUBILI okubona esithombeni. (3)

4.2 Bhala OKUBILI okwenzeke entathelini kule khathuni. (2)

4.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

Ukutheleka kusho ...

A ukuvakasha kude.
B ukuhlala phansi.
C ukuhamba kancane.
D ukufika ungalindelwe. (1)

4.4 Sebenzisa igama 'ulimi' emshweni ozakhele wona ukuze kuvele incazelo ehlukile kule esetshenziswe kule khathuni. (2)

4.5 Ukuqhuma kweselula yakwa-Samsung kungaba namuphi umthelela enkampanini yabo? Bhala OKUBILI. (2)
[10]

**UMBUZO 5**

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO F (OFUNDWAYO)**

UMnumzane Zaba waseShowe unezinkomo eziningi. Kukhona ezinhle ezinemibala enhlobonhlobo. Ezimnyama zona zinesibaya sazo zodwa. Njalo, ngonyaka uhlabela umndeni wakhe inkunzi emhlophe. Ngonyaka wezi-2018 kungenzeka lezi zinkomo zibe amakhulu amahlanu. Abantu bayamhlonipha ngoba uyisigwili. Izinkomo zakhe zinomaka obomvu emadlebeni. Umfana wakhe usenga ubisi ekuseni. Idlelo ezidla kulona linotshani obuhle obuningi. Ngesikhathi sikaKhisimusi uzilayisha elolini enkulu ngoba amawindi ayo mancane futhi aphezulu. Abantu bazithengela ukuthola inyama kanti abanye balobola ngazo. Izinkomo zinamagama azo, uthanda kakhulu leebizwa ngojudas ngoba isiphile iminyaka engama-25. Izingane zakhe ziyibiza ngekhehla elidala. Akafuni ukuthi idayiswe noma ihlatshwe.

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Bhala isifinyezo segama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

**UMnumzane** Zaba waseShowe unezinkomo eziningi. (1)

5.1.2 Tomula isabizwana sokubala kulo musho olandelayo:

Ezimnyama zona zinesibaya sazo zodwa. (1)

5.1.3 Bhala ibizo elinomqondo ofanayo naleli elibhalwe ngokugqamile.

Abantu bayamhlonipha ngoba **uyisigwili**. (1)

5.1.4 Guqula leli gama elibhalwe ngokugqamile libe ubulili besifazane bese ulisebenzisa emushweni ozozakhela wona.

Njalo ngonyaka uhlabela umndeni wakhe **inkunzi**. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.1.5 Guqula isenzo esibhalwe ngokugqamile sibe nomqondo wokwenzayenza (impambosi) kulo musho olandelayo:

Umfana wakhe **usenga** ubisi ekuseni. (1)

5.1.6 Khetha izenzukuthi ezifanele kulezi ozinikiwe bese ugcwalisa izikhala kule misho elandelayo:

[cwe, tebhu, bhuqe, qwa]

(a) Izinkomo zikaZaba zimnyama … (1)

(b) Ekhaya kunotshani obuluhlaza … (1)

5.1.7 Nciphisa igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo bese ulisebenzisa emushweni ozakhele wona.

**Izingane** zakhe ziyibiza ngekhehla elidala. (2)

5.1.8 Guqula igama elibhalwe ngokugqamile libe isandiso sendawo.

**Idlelo** ezidla kulona linotshani obuhle obuningi. (1)

5.1.9 Hlobo luni lwebizo lolu olubhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?:

Ngesikhathi sikaKhisimusi uzilayisha elolini enkulu ngoba **amawindi** ayo mancane futhi aphezulu. (1)

5.1.10 Lungisa amaphutha kulo musho olandelayo:

Izinkomo zinamagama azo, uthanda kakhulu leebizwa ngojudas esiphile iminyaka engama-25. (2)

5.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




[Isithombe sicashunwe ku-www.googlepictures.com]

5.2.1 Inkulumo kababa kaKhetha ivusa muphi umuzwa? (1)

5.2.2 Tomula amazwi akhombisa inkolelo engaguquki. (2)

5.2.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

Hlobo luni lwesifengqo oluqukethwe yila mazwi abhalwe ngokugqamile?:

Bazozwa iphunga **lamanzi amponjwana**.

A Isifaniso
B Ihaba
C Isihlonipho
D Uteku (1)

5.2.4 Yini ebingehlela uKhetha njengoba ebuya ekhaya phakathi kwamabili? (2)
**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**